

izono zethu uthembekile yena ulungile, uyakusithethelela izono zethu asihlanze kukho konke ukungalungi – Igazi likaJesu Kristu iNdodana yakhe liyasihlanza ezonweni zonke.” (1 Johane 1:7-10).

#### UNKULUNKULU UTHANDA IZONI

UNKulunkulu uyasithanda isoni kepha uzonda isono. Ufuna ukwehlukana isoni esonweni. UJesu akezanga ukubiza abalungile kodwa wezela ukubiza izoni ukuba ziphenduke. (Math. 9:13). Wezela ukufuna nokusindisa labo abalahlekile. “Lokhu uKristu wasifela siseyizoni.” (Rom. 5:8). UJohane uMbhahadisi nxa ebona uJesu eza wathi: “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe.” Akazelanga nje ukuzosithethelela izono zethu, kepha ukuzosusa izono zethu ukusikhulula emandleni nasekuboshweni kanye nasekubusweni isono, ukusikhulula emthethweni wesono, lo osibophayo ukuba senze ebesingafuni ukukwenza, usithikazisa ekwenzeni okuhle ebesithanda ukukwenza.

Kuhle kangakanani uma umuntu efika endaweni lapho ebona khona ukuthi uyisoni esilahliwe angeke azikhulule. Uzomemeza “**Ngingumuntu ohluphekayo! Ubani oyakungikhulula?**” (Rom. 7:18-25). Uma ambheka uJesu owathwala izono zakhe nokugula kwakhe ngomzimba wakhe esiphambanweni uyakwazi ukuthi: **Ngiyambonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu.** “Ngokuba umthetho womoya wokuphila okungu Kristu Jesu, **ungikhulule emthethweni** wokona (nokugula) nokufa.” (Roma 8:2).

“Akungabusi ukona emzimbeni wenu obubayo nize nilalele izinkanuko zawo. Aniyikubuswa ukona aniphansi komthetho, niphansi komusa.” (Roma 6:12-14).

Inkolo yethu kuJesu Kristu ukunqoba, okunqoba izwe, ubani onqobayo izwe (nokona kwalo) uma kungesiye okholwayo, ukuthi uJesu Krestu uyindodana kaNkulunkulu owasusa izono zethu ngomzimba wakhe esiphambanweni. (1 Johane 5:3-5,12,18). U-Jesu akezelanganje ukusihlenga ngegazi lakhe asihlanze ezonweni zonke, wezela ukusibhabhadisa ngoMoya oiNgcwele nangomlilo. Ukusigcwalisa ngamandla avela phezulu usenza sinqobe ukona, inyama noSatane asinike umqhele wokuphila nodumo. (Jakobe 1:12; 1 Petro 5:4; 1 Sambulo 2:10; 3:11).

“Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, njengami nganqoba, ngeza ngahlala noBaba esihlalweni sakhe sobukhosi.” (1 Sambulo 2:7,11,17,26; 3:5,12,21).

“Wakhishwa uDrako omkhulu **inyoka endala** okuthiwa uSatane owedusa izwe lonke waphonswa echibini lomlilo wesolufa uyakuhlushwa imini nobusuku kuze kube phakade.” (1 Sambulo 12:9; 20:10).

“U-Jehova wathi kuMosi, yenza inyoka yethusi uyimise esibondeni, kuyakuthi **wonke** olunyiweyo lapho eyibuka leyonyoka aphile ... kwathi olunyiweyo inyoka lapho eyibukayo inyoka yethusi, **waphila.**” (ImiBalo 21:8,9).

“Njengo Mosi waphakamisa inyoka ehlane, kunjalo indodana yomuntu ngayiphakanyiswa, ukuba **bonke** (wena nami) abakholwa iyo bangabhubhi, babe nokuphila okuphakade.” (Johane 3:14-16).

**KHOLWA UNKULUNKULU.** “Kholwa iNkosi uJesu uyakusindiswa wena nendlu yakho.” (Izenzo 16:31).

*J.R. Gschwend.*

The popular “Heart Book” with its soul-saving message is obtainable in over 500 languages. Many have found salvation even just by looking at the pictures.

Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

EMAIL: info@angp.co.za

**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**

**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**

(A Gospel Literature Mission financed by donations)

(Reg. No. 1961/001798/08)

ZULU – “Snake Guide”

# UKUKHULULWA ESONWENI NASEKULUHLWENI

Isono siyinoma umuphi umcabango noma isenzo, nomake isifiso esiphambene nomyalo kaNkulunkulu, konke ukufuna, nokulingisa noma ukweqa umyalo, kungukuphambana noNkulunkulu oiNgcwele, umdali wethu, kuyinyoka embi esabekayo, enesihlungu esibi. Inxebanje elilodwa lenyoka liwukufa. Ngakhoke inkokhelo yokona ukufa, ayi ukufa komzimba kuphela kepha ukwahlukaniswa noNkulunkulu kanye nenkazimulo yakhe engunaphakade.

Sifanele sisibuke isono **njengoba sinjalo**, njengoba uNkulunkulu esibuka, ayi ngalendlela uSatane umqambi wesono, athande ukuba sifone noma sisibuke ngayo. U-Satane, onamanga khona kwase kuqaleni, usiletha isono ngendlela emangalisayo, emnandi nehuhayo, ekwazi ukushesha ukuthumba abantu. Uma abantu bengabona iqiniso lesimo sesono, bangasizonda basenyanye, basibalekele, baze bazame nokusibulala njengoba bengenza uma befica inyoka endlini. Isono inunu esabekayo efihlakele, impela, sona abantu bonke, kanye futhi nesizwe sonke. Yisitha sethu esibi nesinonya kakhulu.

Ngubuwula obuphindiwe ukucabanga ukuthi ungalala nesono. Ngoba masinya noma emva kwesikhathi eside sizokuluma sikudilizele phansi isikhathi nengunaphakade.

Othile obhasobha ezinyokeni (Snake Park) ePort Elizabeth indoda enamandla, ngelinye ilanga ekuseni kuqanda kusebusika, yafika emsebenzini idakwenje kancane, izinyoka zazisongene ziphethwe ukuqanda, wayesethath'anye eyayinesihlungu kakhulu wayifaka ngaphakathi kweyembe lakhe esifubeni eyifudumeza, wathi, “Awu bandla! ngizokufudumalisa.” Wayicindezela esifubeni sakhe. Inyoka nempela yafudumala, kwathike ukubonga kwayo kwaba ukumluma! Ngesikhashananje wayesefile, kwehlula yonke imijovo ayeyinikwa udokotela. Ngangike ngamncenga ukuba anikele impilo yakhe kuNkulunkulu ngamxwayisa futhi ukuthi angadlali ngezinyoka, kodwa konke lokho akusizanga lutho. Ngeke ubeke isono esifubeni sakho ungalunywa!

Akumangalisi ukuba uNkulunkulu esizonda isono ngenzondo yonke esifanele ngoba sacwilisa abantu kanye nendalo kaNkulunkulu osizini nasebuhlungwini

obukhulu. Sabanga ukufa kuka Jesu Kristu indodana kaNkulunkulu esiphambanweni sase Kalivari. Umhlaba ungakasekelwa uNkulunkulu ngothando lwakhe olukhulu wenza uhlelo oluphelele lwensindiso nenkululeko yabantu esonweni, ekuguleni nasekufeni. U-Jesu indodana yakhe eyodwa wenziwa ukona ngenxa yethu ukuze sibe nokulunga kuka Nkulunkulu ngokukholwa kuye nasemhlatshelweni wokufa kwakhe eKalivari. Isono sibi, siyehlisa, siyagulisisa, sinonya, siligovu, siyangcolisa, siyagqilaza. Sinobuhlungu kwesibaphetheyo ubusuku nemini sibafake esihogweni esingunaphakade.




Akewubhekenje ukuthi ugwayi wenzani kumuntu owenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. Simenza abe ipigogo, inkawu, ibhubesi, agcine ngokufana nengulube. Uma umuntu esedakwe kancane umoya wokuziqhenya uyamvukela, uchitha imali yakhe kanti umkakhe nabantwana bayalamba. Aqhubeke futhi aphuze kabanzana abeseqala ukuzikhukhumeza alingise inkawu. Aqhubeke njalo ukuphuza abesezizwa enamandla enesibindi njengebhubesi alwe nabantu bonke, eshaya aze abulale nabomuzi wakhe.

Umlilo oqedayo wotshwala wandisa ukoma, futhi uthinte nomqondo, ikhanda lakhe liqale ukuzula abesediyazela, emva kwalokho ubhubuzeka odakeni njengengulube. Umuntu onjalo uyoya esihogweni esingunaphakade, uma kungathanga ngomusa kaNkulunkulu waphenduka wamfuna uNkulunkulu athole inkululeko esonweni nempilo entsha kuJesu Kristu.


Ake usize ufunde incwadi kaNkulunkulu. (Galathia 5:19-21; Isamb. 21:8). “Bonile bonke bengafinyelele ebukhosini bukaNkulunkulu. Kakho olungileyo **noyedwa.**” (Rom. 3:10,23). “Umphefumulo owonayo wofa wona.” (Hez. 18:4). “Uma sithi asinasona siyazikhohlisa alikho iqiniso kithina. Uma sizivuma





UNkulunkulu akakwenzize ukuhlakanipha kwalelizwe. 1 Kor. 1:20

**UKUHLAKANIPHA KWEZWE**



Inyoka endala uSathane owedusa izwe lonke. Isamb. 12:9

**UMPHIKIKRISTU UTIXO WALELIZWE**




Bonke banga-bazenzisi nabenzi bokubi. Isaya 9:17

**UNKULUNKULU UYAZONDA UKUZENZISA**



Umuntu onhliziyombili oquququkayo ezindleleni zakhe zonke. uJakobe 1:8

**UMBAXAMBILI WOMOONDO WENHLIZIYO EMBAXAMBILI**




Izihlobongi neziphingi uNkulunkulu uyazilahla. Heb. 13:4

**INYAMA. UKUTHANDA IZWE**




Akukho zidakwa eziyodla ifa lombuso kaNkulunkulu. 1Kor. 6:10

**UKUDAKWA**



Ukuthanda imali kuyimpande yakho konke ukona. 1 Tim. 6:10


**UKUTHANDA IMALI UKUMINZA**



**UBUTHAKATHI IMIMOYA (Dut. 18:10-22)**

# Nizakukhululwa Johane 8:33

**NJALO UMA INDODANA INIKHULULA NIYAKUBA ABAKHULULEKILEYO IMPELA. (Joh. 8:36).  
AKUNGABUSI UKONA EMZIMBENI WENU OBHUBHAYO. (Roma 6:12).  
ANIYIKUBUSWA UKONA. (Roma 6:14).  
NGOKUBA UMTHETHO WOMOYA WOKUPHILA OKUKRISTU UJESU UNGIKHULULE EMTHETHWENI WOKONA NOWOKUFA. (Roma 8:2).**



**UKUNGAKHOLWA ISONO ESIKHULU KAKHULU (Johane 16:8,9)**

**UBANI OYAKUNGIKHULULA (Roma 7:24)**




**UKWEHLULELWA KWE SONO**



NjengoMosi waphakamisa inyoka ehlane.


**KUPHELILE (Johane 19:30)**



Kunjalo iNdodana yomuntu nga iphakanyiswa ukuba bonke abakhulwa iyo bangabhubhi kepha babe nokuphila okuphakade. Johane 3:14

**UJESU WATHWALA IZONO ZETHU NGOMZIMBA WAKHE EMTHINI. 1 Pet. 2:24**

**NIKHULULWE ESONWENI NGOJESU**



**NGIYABONGA UNKULUNKULU NGOJESU KRISTU (Roma 7:25)**



**UKUFA SEKUGWINYIWE UKUNGOBA. 1 Kor. 15:51-57**